education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA 12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUARY/MARCH 2009

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora amabili

Leli phepha linamakhasi ayi-9.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa.

   ISIQEPHU B: Ukufingqa.

   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi.

3. Abahlolwayo mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

5. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 **Fundisisa le ndatshana engezansi, bese uphendula imibuzo ezolandela.**

ELandani abatshali bezimali baya ngokuya beheheka ekufakeni izimali zabo emakilabhini amakhulu e-Europe. Lokhu kulindeleke ukuthi kube mandla nonyaka njengoba omzimb'ukhalimali baseMelika bezama ukuxephula umkhoma ngenzuzo kumabonakude nasezikhangisweni besebenzisa ibhola.

Amathuba embonini yebhola lase-Europe aseze afaka nezinkulumo zokuhlanganisa amaqembu amakhulu afana ne-Liverpool ne-Newcastle nokungamaqembu agijima esigabeni se-Premiership yase-England. Kumanje kukhona abazingela amathuba eqenjini le-Olympique Lyon yase-France.

''Zizokwanda izimali zangaphandle ezingena ebholeni,'' kusho u-Patrick Lynch wenkampani i-Morgan Stanley eseLondon nokuyiyo eyasiza i-Borussia Dortmund ekulungiseni izimali nezikweletu zayo ngonyaka ofile.

''ENgilandi amaqembu amakhulu afana ne-Chelsea ne-Manchester United asevele aphethwe yizandla zosozimali bangaphandle. Ngalokhu iligi yase-England seyenze inzuzo ephindwe kabili eminyakeni edlule.''

''Izimali zamakilabhu zizophindwa zisimamiswe nawukungena kwemali entsha ngezivumelwano zokusakazwa kwemidlalo kumabonakude ngesizini elandelayo,'' kusho umqondisi we-Sport Business Group kwa-Deloitte and Touch. Lokhu kuzokwenza ukuthi ikhule imali kwabatshale izimali zabo ebholeni eminyakeni ezayo.

Iqembu le-Liverpool elinomlando wokuwina isicoco seligi yase-England, lithi libhalelwe incwadi yisiqumama saseMelika u-George Gillett ngenhloso yokufuna ukuyithenga le kilabhu. Abephephandaba babike ukuthi abaqondisi beLiverpool bahlangene badingida leso sicelo sika-Gillett.

Kukhulunywa nje vele labo mpetha base-Europe sebeke baxoxa nenkampani eyaziwa nge-Dubai International Capital, kodwa kwezwakala sengathi akubanga khona ukuvumelana. Izikhulu ze-Liverpool beziphakamise ukuthi le nkampani yase-Dubai ayithathe izikweletu zeqembu iphinde isize ukwakha inkundla entsha ezomumatha abantu abayi-60 000. Nokho kube khona ukungazwani ngamaphuzu athile phakathi kwalezi zinhlangothi.

Iqembu le-Newcastle United like laba nezingxoxo nenkampani yaseMelika, kodwa nalapho kwangavunyelwana ngezizathu ezingatholakalanga. Kwenzeka esifanayo nakwamanye amaqembu e-Europe. Into enkulu ebaphoqa ukuthi babheke omaliyavuza bakwamanye amazwe wukuthi bangene ezikweletini ngokwakha izinkundla nokuthenga abadlali ababizayo nabahola itshe lemali.
Le mali abakwazi ukuyenza ngokuthengisa amathikithi nje kuphela, kepha basuke bethemba ukuthi abadlali abanamagama amakhulu bazobasiza banyuse isithunzi sabo sokukhangisa njengeqembu eliyintandokazi kubantu.

Phendula le mibuzo elandelayo:

1.1.1 Bhala incazelo yaleli gama ngokwesiqeshana, "omzimb' ukhalimali". (1)

1.1.2 Inkampani yase-Dubai izokwakha inkundla entsha ezomumatha abantu abayizi-60 000. Nikeza incazelo yegama elidwetshelwe njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana. (2)

1.1.3 Iyiphi enye indlela ezongenisa imali emakilabhini ngokwalesi siqephu? (1)

1.1.4 Yini ebangela ukuthi amakilabhu aphesheya abesezikweletini? Bhala kube KUTHATHU. (3)

1.1.5 Lisho ukuthini leli binzana "aphethwe yizandla zosozimali bangaphandle" ngokwale ndatshana? (2)

1.1.6 Kungani abaqondisi be-Liverpool badingida isicelo sika-Gillett? (2)

1.1.7 Chaza lesi simo sokukhuluma, "Abadlali abanamagama amakhulu", bese uveza ukuthi sinamthelela muni kule ndaba. (3)

1.1.8 Ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nokuthi amathuba embonini yebhola ayadlondlobala? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.9 Yimuphi umuzwa ovezwa yilo musho, "Iqembu leLiverpool elinomlando wokuwina isicoco seligi yaseNgilandi". (2)

1.1.10 Chaza lesi sitatimende: "Amandla emali yiwona asemqoka emakilabhini aseLandani". (2)

1.2 **Bukisisa lo mfanekiso olandelayo, bese uphendula imibuzo ezolandela.**

1.2.1 Ngabe isebenza msebenzi muni le ndoda ekulesi sithombe? (1)

1.2.2 Yikuphi lapha kulesi sithombe okuveza ukuthi le ndoda ibisathe ukuphumula kancane kulo msebenzi ewenzayo? (1)

1.2.3 Yini ngempela elindelwe yile ndoda uma iphalamende livulwa? (2)

1.2.4 Yimaphi 'amanga' ocabanga ukuthi le ndoda azoshiwo uma kuvulwa iphalamende? (2)

1.2.5 Ngabanjani abantu okuthiwa ''ngontaba kayikhonjwa'' ngokwalesi sithombe? (2)

1.2.6 Ngokwenkulumo yalo muntu osesithombeni ngabe yini ayicabangayo ngosopolitiki? (1)

AMAMAKI ALESI SIQEPHU: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana ngokucophelela, bese uyasifingqa ngamagama akho angama-50 kuya kwangama-60. Ungasebenzisa imisho, amaphuzu noma izigaba uma ufinqqa.

Abantu abafuna ulwazi olunzulu ngesizwe samaZulu noma ngolimi lwesiZulu, sebezokwazi ukuthola lolu lwazi kalula kulandela ukwethulwa kwesikhungo socwaningo sokuthuthukisa lolu limi. Lesi sikhungo sathulwa eNyuvesi yase-Zululand, Ongoye, kanti sinakho cishe konke okudingwa umfundi kusuka kuyo yonke imibhalo eyake yabhalwa ngolimi lwesiZulu nokuthinta amagugu. Kuzobuye kufundiswe nabantu abadala ukuze bakwazi ukubhala amagama abo. Lesi sikhungo singesokuqala ngqa sesiZulu kuleli njengoba bekukhona ezesiNgisi nesiBhunu kuphela.

Imenenja yalesi sikhungo yathi kufezeke iphupho loNgqongqoshe woMnyango wezobuCiko, amaSiko, nezokuVakasha bakuleli njengoba lezi zikhungo zithe chithi saka lonke izwe. Ubuye waphawula ethi: "Kuya ngokuthi kukhulunywa limi luni kuleso sifundazwe, kanti inhloso yazo wukugcina nokufundisa ngalolo limi. Okunye futhi okwenziwayo wukushintsha amatemu esiNgisi abuyiselwe esiZulwini. Ukushintsha amatemu kwezinye izifundo njengoba sebewenzile awe-Mathematics emabangeni aphansi, wukugcina amagugu olimi lwesiZulu nokufundisa abantu ngayo yonke into ethinta ulimi lwesiZulu".

Kubalulekile ukuthi bonke abantu abadinga ukwazi noma yini ngolimi lwesiZulu bavakashele lesi sikhungo, okuyilapho bezothola khona lonke ulwazi abaludingayo ngalolu limi. Uma kungenjalo izilimi zomdabu eNingizimu Afrika zisengcupheni yokushabalala. Okunye futhi abafundi nabo baqikelele ukuthi izilimi zomdabu azishabalali ngoba uma kungenjalo leli zwe lizogcina liyizwe laseNingizimu Afrika elinezakhamuzi ezingakwazi ukukhuluma, ukubhala nokufunda izilimi zazo.

Nakuba kubalulekile ukuthi kuqhakanjiswe izifundo ezinjengo-Maths neScience, kodwa bayadingeka nabazofunda bathuthukise nezilimi zomdabu. Ingani phela uyacabanga umuntu ongumFrench kodwa ongakwazi ukukhuluma noma ukubhala isi-Frentshi, noma iNgisi elingalwazi ulimi lwalo. Ngakho masiziqhenye ngokuthuthukisa izilimi zomdabu.

AMAMAKI ALESI SIQEPHU: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ushaya phansi ngonyawo umama kaDudu uthi ngeke aze ahambe nesikole. Unina kaDudu ucasulwe wukuthi uDudu useqale umkhuba wokuhamba ebusuku nabangani. UDudu usezame zonke izindlela zokuncenga unina kodwa kunhlanga zimuka nomoya. Phela intombi kaMkhize ayibhenywa ayinsangu. Ngenxa yokucasuka uMaMkhize wagcina esethe: ''Dudu, 'kungasa ngifile' awuyi lapho''. Abantwana banamuhla benza iphutha ngokungalaleli abazali babo. Bayakhohlwa ukuthi lokhu kunomphumela omubi.

3.1 Ashiwo uma kwenzenjani la mazwi? 'Kungasa ngifile'. (2)

3.2 Nikeza umqondo olethwa ila magama adwetshelwe ukukhomba izinkathi zezenzo ezahlukene.

(a) UMaMkhize <u>ushaya</u> phansi ngonyawo. (2)
(b) Unina kaDudu <u>ucasulwe</u> ukuthi uDudu uhamba ebusuku. (2)
(c) Lesi senzo uDudu <u>asimfundisanga</u> isifundo esihle. (2)

3.3 Akha umusho wakho ngegama elidwetshelwe likhombe ukuphika/ukulandula.
<u>Usehamba</u> ebusuku uDudu. (2)

3.4 Hlanganisa lo musho olandelayo ukuze kuphume umusho owodwa ombaxa/ongxube.

Ududu ingane encane ka mkhize.
Ududu uhamba ebusuku nabangani. (3)

3.5 (a) Bhala igama ELILODWA elitholakala kulesi siqeshana elimele leli binzana lamagama: **umthunzi wezinkukhu.** (2)
(b) Bhala igama elisho okuphikisa leli elidwetshelwe kulo musho:
Ushaya ngonyawo <u>phansi</u> umama kaDudu. (1)

3.6 (a) UDudu uzama zonke izindlela. Bhala inhloko yalo musho.
(b) UDudu uhamba ebusuku nabangani. Bhala igama eliyisandiso kulo musho. (2)

3.7 (a) Igama elithi: **abantwana** lapha lisho izingane, libuye lisetshenziswe liqondiswe kobani? (2)
(b) Bhala igama elisho okufanayo nelithi: **bayakhohlwa**. (1)
[21]

UMBUZO 4

4.1 **Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese ugcwalisa amagama ezikhaleni ngendlela efanele ukuze kuvele ukuthi amagama anomthelela muni encazelweni yesiqeshana. Khetha kula magama alandelayo.**

Phinda usibhale isiqephu:

(kokulunywa indlebe; bengena; nobucwebe; shushumbisa; egasele)

Kuboshwe amadoda ayisithupha angawokudabuka eNtaphuka ngezinsolo zoku ... izidakamizwa. Aboshwe ngesikhathi amaphoyisa ... emizini esolwayo kule ndawo. Akwenze lokhu ngemuva ... ngamalungu omphakathi. Umphakathi ube nokusola ngenkathi bebona abantu belokhu ... bephuma, wabe usebikela amaphoyisa. Kubuye kwatholakala ... okusolakala ukuthi kwebiwe. (5)

4.2 **Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.**

Izingane zesikole zithanda kakhulu ukucula. Amaculo athandwa kakhulu yilawa ahambisana nezigubhu. Lapho onkabi ubabona kahle sebenyakaza baze bakhohlwe ukuthi bacula iculo lesonto.

4.2.1 Ngabe amabizo adwetshelwe asebenze kanjani kule misho?

Izingane zesikole zithanda umculo. (2)

4.2.2 Bhala umehluko ovezwa yilezi zakhi ezidwetshelwe kula mabizo.
Iculo. (1)
amaculo. (1)

4.2.3 Sebenzisa igama elidwetshelwe emshweni olandelayo liveze umqondo wokwenziwa

Izingane zithanda amaculo esonto. (1)
[10]

UMBUZO 5

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMAMA OYISIMANGA

Mdali wezinto zonke, ngiyabonga ngalaba bantwana abayisithupha ongiphe bona, kodwa ngiyakuncenga ungabe usanginika abanye. Lawa amazwi ashiwo nguThuli umama osemncane oneminyaka engama-30 ohlala ematasatasa ngenxa yemisebenzi eminingi ayenzayo.

5.1 Emithandazweni kaThuli kuvele ngokusobala ukuthi izingane asenazo sezanele. Ngabe kubangwa yini lokhu? Nika kube KUTHATHU kanye nesizathu esisodwa. (4)

5.2 Ngabe la mazwi akhulunywa nguThuli akhombisa ulimi olunjani? Sekela ngamagama AMABILI. (2)

5.3 Ngokubona kwakho ngabe lama gama agqamile agudlisela ncazelo yini ngoThuli? (3)
[9]

AMAMAKI ALESI SIQEPHU: 40

AMAMAKI ESEWONKE: 80

Akuvunyelwe ukukopisha leli phepha